


INZALO YENYOKA

 Nkulunkulu oThandekayo, uNkulunkulu olamandla onke, Owabumba zonke izinto ngamandla oMoya waKhe, njalo waletsa uJesu Khristu, iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, Owasifela ngesisa thina zoni, oLungileyo wafela abangalunganga, ukuze asibuyise kulobubudlelwane obumangalisayo esilabo njalo loNkulunkulu, njengoba sifundiswa eLizwini elibusisiweyo, ukuthi sasilobudlelwane laYe umhlaba ungakasekelwa: “Lapho inkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, lamadodana kaNkulunkulu amemeza ngokujabula, le emuva umhlaba ungakasekelwa.” Sazi njani ukuthi lokho kwakungesikho ngesikhathi esifanayo lapho iWundlu elabulawa khona; lapho uNkulunkulu, ekucabangeni kwaKhe okukhulu, wasibona simemeza njalo sijabula ngokusindiswa kwethu ngoJesu?

² Futhi, lobubusuku, sithole nje inzwisa yangaphambili yaleyo nkazimulo eNgcwele ezakwanjulwa ekuBuyeni kwaKhe kwesibili. Konke ukugula losizi kuzakuqedwa. Njalo sizakuba lomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo, ngokuba sizakuMbona njengalokhu Enjalo. Lapha njengoba sibona izandla zethu zitshwabana, inwele zethu ziphenduka zisibampunga, lamahlombe ekhothama, siyakwazi ukuthi singabafayo njalo sikhangele ethulini lapho esikhothamisele khona amakhanda ethu khathesi, njalo lapho esivela khona. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, ngokuqiniseka kokuthi Wena unguNkulunkulu, Wenza isithembiso sokuthi sizaphinda sivuswe njalo ensukwini zokucina, njalo siyakukholwa lokho.

³ Ngesizotha simi lokukholwa kwethu lobubusuku eBusweni baKho, siza ngesibindi ngoba uJesu wasilaya ukuba sikwenze lokho. Kungekho phezu kwaloba yikuphi okuhle esikwenzileyo, ngoba akukho okulungileyo esikwenzileyo; kodwa siza ngokuzithoba, sifakaza ukuba lingelethu leligugu ngenxa yomusa waKhe owabelwe thina. Ngakhoke, siza sicela ukuthi Usibuyise lobubusuku ekwethuleni iLizwi. Ngokuba kubhaliwe, ukuthi, “Umuntu akayi kuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaMazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Futhi akube ngumlomo kaNkulunkulu ozathi ukhulume lobubusuku. Amazwi makafike, njalo Lingene ekujuleni kwezinhliziyi zethu, thina abalaleli, njalo sigcwaliswe ngoMoya waKho njalo loBukhona baKho. Lokhu sikucela eBizweni likaJesu. Amen.

⁴ La-lamuhla layizolo, izolo ebusuku, ngiqonde ukutsho njalo, lalamuhla, besikhuluma ngesihloko, kuqala, ukuba sibe yisihloko esithi, *Kungani Singayisiyo INhlanganiso YeNkolo*. Futhi sikwenze kwabalukhuni sibili, kungani singayisiyo inhlanganiso yenkolo, njalo kungani singakholwa

ezinhlanganisweni zenkolo. Ngoba, siyakuthola eBhayibhilini, ukuthi izinhlanganiso zenkolo kazange zisungulwe nguNkulunkulu; zagcotshwa ngudeveli; futhi kwafakazelwa yiBhayibhili. Lokuthi, ngezinhlanganiso zenkolo, kuletha impambeko. Manje siyakutsho lokhu ukuqondisa lokuletha lelithabanekeli kubudlelwano ngeLizwi likaNkulunkulu elibusisiweyo. Ukuthi, amathemba ethu kakhelwa kulokho okutshiwo zinhlanganiso, kumbe okutshiwo loba nguwuphi umuntu; akhelwe kulokho okutshiwo yiNkosi uNkulunkulu. Futhi yileyo kuphela esingaqondiswa silunge.

⁵ Futhi lamuhla ekuseni, bengilezinhlanu, ngiyakholwa, indatshana ezehlukeneyo eziphume ngenhlanganiso yenkolo, ezingakhulunywa ngazo ngitsho eBhayibhilini, amabandla amaProtestanti azikhothamelayo, njalo bezifundisa njengemfundiso: into efanayo unina oyisifebe esidala, ibandla leKhatolika elikutshumayelayo, futhi kuphumile kwangena kubandla lamaProtestanti. Futhi likhothamela into efanayo ephambene laloba yikuphi eLizwini likaNkulunkulu.

⁶ Ibandla lakuqala lenhlanganiso yenkolo, silikhangele lamuhla emini kumbali yabobaba baseNicene, abe bandla laseNicene. Ngemva kokufa kwabapostoli, bafika laphoke obaba base Nicene, njalo baqhubeka okweminyaka eminengi. Iminyaka engamakhulu amathathu amatshumi amabili lanhlanu, ekucineni yaya e—eNicaea, eFrance, lapho ababa lo—lomhlangano omkhulu waseNicene. Futhi phakathi lapho babumba lezi imfundiso ezilebandla leKhatolika khathesi, njalo zidluliselwe kumaProtestanti.

⁷ Futhi njengoba ngitshilo e—ekufundiseni lamuhla ekuseni, “Isizukulwane sebandla sinye ngasinye, ukuya kuleso—kuleso sizukulwane sebandla laseThesalonika, itshumi lanhlanu lamakhulu eminyaka ezizukulwane zobumnyama, kwakungekho lasinye isikhathi lapho oWake wathi, ‘Uselalo iBizo laMi.’”

⁸ Futhi ngakulolu olunye uhlangothi, babengasekho ngitsho kuKhristu, beza bephuma ngebizo lenhlanganiso yenkolo, “Khatolika, uLuther, uWesley, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentekostali,” kwehle njalo.

⁹ Kodwa ngaphambi nje kokuvalwa kwesizukulwane, Wathi, “Ngimisile phambi kwakho umnyango ovuliweyo.” Bona? Futhi lesi yisizukulwane sebandla esikholwa ukuthi sikuso khathesi, isizukulwane somnyango ovuliweyo, phakathi kokuphuma kokucina kwebandla laseLawodekiya.

¹⁰ Futhi sokuthe ngqe kumakhulu amathathu amatshumi amabili lanhlanu eminyaka sifika kukhansili yeLawodekiya. Futhi phakathi lapho bazithathela lezindlela ezinjengokufafaza, ukuthela, lemibhaphathizo yamanga, umoya ongwele wamanga, zonke lezi ezinye izinto. Bazithathela khona.

¹¹ Kwase kuthike lapho uLuther, engumpristi, futhi waphuma kubandla leKhatolika, weza lalezizinto. Futhi khona lapho kwaphuma uZwingli, kuZwingli kwaphuma uCalvin, kuCalvin kwaphuma uWesley, o, kusehla njalo. Futhi balokhu besehla lalezomfundiso ezingaphikiswayo. Futhi uNkulunkulu angalikhokhela njani iBandla laKhe, nxa belandela imigwaqo Angakaze ngitsho abakhiphele yona ukuba bakhokhelwe kuyo?

¹² Futhi khumbulani, kuSambulo 17, sithole “owesifazane.” Manje lamazwi asobala. Alotshwe eBhayibhili, ngakho ngicabanga ukuthi ngingawatsho. Lathi lona lowo owesifazane waye “yisifebe.” Lokho kutsho ukuthi wayengowesifazane olebizo elibi; ukuthi wayefanele abeyendele endodeni, futhi wafeba lomhlaba. Futhi wayele... Wayengu “NINA WEZIFEBE,” ngakhoke wayelamadodakazi. Futhi sikudwebile lokho ngokuma kwamazwe, elapho... Futhi lapho, mina qobo lwami, ngikubona emBhalweni, ngibona izimfundiso zalo lakho konke, ngiyakholwa iNkosi ikubeke emzileni ngokucacileyo, ukuthi lokho akungeke kwaba ngeyinye into ngaphandle kwebandla leKhatolika. Yiyo indlela kuphela okungaba yikho. Futhi lazalani? Amabandla amaProtestenti. Ngeqiniso, lenza njalo.

¹³ Futhi esandleni sakhe wayephethe isitsha sewayini lobufebe bakhe, njalo wayeyinika amakhosi omhlaba. Futhi wayengumbusi phezu komhlaba wonke, sikhuluma ngokomoya. Futhi kunjalo ngempela. Akukho omunye... .

¹⁴ Khangelani, ake sithi, singabuyela kuDanilyeli sithole isithombe. Khangelani isithombe: ikhanda legolide, umbuso waseBhabhiloni; ithubi... kumbe isiliva, amaMedi lamaPeresi; ithubi, uAlexander the Great, njalo njalo, umbuso wamaGreci; kwase kuba yimibuso yamaRoma, iRoma eseMpumalanga leseNtshonalanga, inyawo ezimbili.

¹⁵ Futhi qaphelani kulibuso elitshumi, ehambisana lempondo ezilitshumi ebesikhuluma ngazo lamuhla ekuseni, komunye ngamunye wayelombuso elitshumi eyayizaphakama, kwabakhona insimbi lomdaka kuhlanguaniswe ndawonye. Laleyonsimbi ivela emilenzeni, okwakuyiRoma. Futhi kukhona umzila wobuRoma ohlanganiswe ezizweni lezizwe ezikhona phansi kweZulu, ngenxa yebandla leKhatolika. Kuqondile kakhulu lokho. Futhi zazingahlangani, loba kuyiphi indawo.

¹⁶ Futhi babesendiselana, phakathi komunye lomunye. IBhayibhili lathi bazakwenza. Futhi bakhangele lamuhla. Umfana wakho engahambisana lentombazana engumKhatolika; lapho besiya thathana, bafanele bethembise ukuthi bazakhulisa abantwana babo babe ngamaKhatolika; bona, ngapha langapha. Bona, yikubulala amandla omunye.

¹⁷ Kodwa yinto enjani na? IBhayibhili likubeka ngokuthi konke lokhu kuyisifebe. Manje lizakwenzanjani? Kunjalo.

Futhi zizahanjelwa njani izono zabantu... Sibuyele emuva kuDuteronomi, satshengisa ukuthi umntwana wobufebe, umntwana ozalelwe phandle komendo, wayengeke angene ebandleni leNkosi okwezizukulwane ezilitshumi lane. Lokho kwakuphansi komthetho. Futhi uKhristu weza ukuzokhulisa umthetho. Ingabe sekungakanani khathesi?

¹⁸ Futhi kwenzakalani kulaba, kuyini uhlu pho kulezi zifebe ezisemgwaqweni lamuhla, laba abesifazane abancane abahotsha igwayi, njalo begqoke okabhudula, izifebe ezigela inwele, njalo njalo? Kuyini uhlu pho ngakho? Kungenxa yokuthi unina wabo wenza njalo. Yikuhanjelwa, ububi, busuka kusizukulwane esinye kusiya kwesinye. Kuyikhonalokho. Futhi sesilani ke? Sesifike endaweni, osokuyikuhlangana nje kwengxubengxube yesono.

¹⁹ Yiso isizatho uNkulunkulu evuse iRussia, le, belebhomba le athomu ukuze ilitshabalalise, njengoba wabanjalo uzamcolo wasendulo, lapho Ephakamisa amayezi. Ngeqiniso, Ukwenzile. Njalo iBhayibhili litsho njalo. IRussia, njengoba bekulilizwe elingakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona, elingakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona, ngokuqinisekileyo ibisebenza ezandleni zikaNkulunkulu uSomandla. NjengeNkosi uNebukadinesari wayezabhubhisa uIsirayeli ngoba behluleka ukuhamba loNkulunkulu, iRussia iyaphakama iqonde “ukuphindisela ngenxa yabangcwele,” ngokwebandla leKhatolika, ngenxa yegazi labangcwele eyalichithayo. IBhayibhili latsho njalo. Izathatha yonke into.

²⁰ Ngakho khangelani lapha, uba unina wabo wayeyintombazana yamakhorasi, logogo wabo, lonina wayegqoka impahla ezingahloniphekanga, uyini lamuhla? Ungowe rock-and-roll ohlubula impahla. Abantwana bakhe bazakubayini?

Njalo wena uthi, “uNkulunkulu uyayenza into leyo?” Yebo, mnumzana.

²¹ UNkulunkulu uhambela ububi babantwana, isizukulwane, kuze kube lesizukulwane setshumi lane. Futhi uba uKhristu weza ukuzokhulisa, singathi, “Izizukulwane ezilikhulu, kumbe izizukulwane ezingamakhulu amahlanu.” Ngani, Wathi, “Bona abasendulo, lezwa besithi, bona abasendulo, ‘Ungabulali.’ Ngithi kini, ‘Wena, othukuthelela umfowakho, kungela sizatho, vele usubulele.’ Labezwa besithi, abasendulo, ‘Ungafebi.’ Kodwa Mina ngithi okhangela owesifazane aze amkhanuke, usefebile.” Wakwenza... Kuyini *ukukhulisa*? “Yikwenza kube kukhulu ngokuphindwe kanengi.” Futhi nxa phansi komthetho kwakuyizizukulwane ezilitshumi lane, kuzathatha isikhathi eside kangakanani entweni efanayo lamuhla?

²² Futhi amajaha, lamadoda aleminyaka ephakathi laphakathi, lamadoda athetheyo abasahloniphi izifungo zomtshado yabo.

Ngani, bathatha nje abesifazane futhi baphile labo loba ngaphi, njalo njenjezinja nje. Inja ingcono kunhlonipho njalo iziphatha okungcono ukwedlula okwenziwa ngabanye abantu. Futhi ngiyakwazi ukuthi lokho kulukhuni kakhulu, kodwa kuliqiniso.

²³ Ngani? Lamabandla ayaqhubeka esiya phambili futhi bengakhulumi lutho ngakho. Ngani? Benza okwenziwa ngunina wabo. Amabandla akuthatha kube lufuzo. Ngoba, ibandla lalelibandla lamaProtestenti aphuma kubandla leKhatolika, izono zebandla leKhatolika zihanjelwe phezu kwamaProtestenti. Qiniso, kunjalo, ngako imbiza kayingeke ithi igedlela “ingcolile.” Kuliqiniso sibili.

²⁴ Khathesi siyabona, futhi eMbhaweni, sabona ukuthi... Futhi kangizange ngibone iphepha lesaziso ethafuleni lapha kulobubusuku. Ngathi, “Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho uNkulunkulu owagcoba khona inhlanganiso yenkolo. Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho uNkulunkulu owagcoba khona umtshumayeli wesifazane. Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho uNkulunkulu owamisela khona ukufafaza. Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho uNkulunkulu owamisela khona ukuthela amanzi. Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho uNkulunkulu owaba laloba ngubani owabhaphathizwa ebizweni lika ‘Yise, Ndodana, Moya oNgcwele.’ Zitholeni lezozinto.” Kodwa lokho sihlezi sikwenza ngezikhathi zonke. Yinto ekhona ebandleni.

²⁵ Khathesi, ngathi, “Ngokubona kwenu besingeke sibe yiBaptisti, ngoba sikholwa ekubhaphathizweni eBizweni leNkosi uJesu Khristu. Akukho loyedwa lanini, eBhayibhilini, owabhaphathizwa loba ngayiphi eyinye indlela. Ngitshengiseni indawo eyodwa lapho umuntu oyedwa abhaphathizwa khona ebizweni lika ‘Yise, Ndodana, Moya oNgcwele,’ ngizaphakamisa izandla zami njalo ngithi ngingumprofethi wamanga.”

²⁶ “Futhi uba iBhayibhili lisithi kumele ‘ubhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu,’ kutsho ukuthi kumele ukwenze ngaleyo ndlela. UPhawuli wabalaya ukuba baphinde babhaphathizwe. Akulandaba ukuthi babebhaphathizwe njani, babefanele beze, babhaphathizwe futhi. Babebhaphathizwe yindoda inye eyabhaphathiza uJesu Khristu; uJohane umBhaphathizi. Wathi, ‘Lokho ngeke kusasebenza. Kumele libuye, libhaphathizwe futhi.’ Futhi kwakufanele bakwenze ngaphambi kokuba bemukele uMoya oNgcwele. Kwakuluhlelo lukaNkulunkulu.”

²⁷ Ngingehla ngijule kancane kulalokho, lobubusuku. Ngani? UJesu uyaligcina iLizwi laKhe. Liyakukholwa lokho? Khathesi, phose lonke belikhona lapha lamuhla ekuseni, kodwa ngifuna nje ukufaka okuncinyane phezu kwalokho.

28 Kungani uPhawuli walay- . . . walaya lokho ngemva kokuba sokwenziwe? Uphawuli wathi, “Loba iNgilososi evela eZulwini ingafika itshumayele loba yikuphi okunye, kayiqalekiswe.”

29 Khathesi lina lithi, “SesilokuKhanya okutsha kukho.” Hatshi, kalilakho. Yilokho udeveli afika lakho kuEva, okunye ukuKhanya okutsha. Alidingi ukuKhanya okutsha. Kumele lihambe ekuKhanyeni uNkulunkulu akubeke lapha, yikho kuphela.

30 Manje khangelani lokhu, ukuthi kulula njani. Ngesikhathi besehla bevela eNtabane yokuGuqulwa isimo, uJesu wathi, kubafundi baKhe, “Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?”

“Omunye wathi uNgu ‘Mose, kumbe uEliya, omunye wabaprofethi.”

Wathi, “Lina lithi ngubani na?”

31 Wathi, uPhetro wathi, “Wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

32 Wathi, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona; ngokuba inyama legazi akukwambulelanga lokhu.” Bona, akuveli kumaseminarini. Akubuyi ngezinhlanganiso zenkolo. “Inyama legazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ukufunde kuloba yisiphi isikolo sezokuthandaza. Kodwa uBaba waMi, oseZulwini, ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala Ngizakulakha iBandla laMi; njalo amasango asesihogweni kangeke alehlule,” isambulo sikamoya sokuthi UnguBani.

33 Qaphelani, “Futhi Ngithi wena unguPhetro. Futhi ngizakunika amakhiye awoMbuso. Futhi loba yikuyini okubopha emhlabeni, Ngizakubopha eZulwini; loba yikuyini okukhulula emhlabeni, Ngizakukhulula eZulwini.” Khathesi, Wayefanele aligcine iLizwi laKhe kungenjalo Wayengasuye uNkulunkulu. Khathesi, futhi lapho Ekwenza lokho, insuku ezimbalwa ngemva kwalokho, Wabethelwa, wavuka, wenyukela phezulu eZulwini, loPhetro wavula iVangeli ngoSuku lwePentekosti. Wakwenza lokho yini? Yena, ngeqiniso, wakwenza. Khathesi qaphelani, lapho esezaku . . .

34 Bonke babebayeyisa, ngoba babegcwaliswe nguMoya. Babebizwa bethiwa “zinhlanga, izigiqiki ezingcwele,” kumbe ibizo elithile elinjengalokho. Futhi baze bahleka, njalo bathi, “Laba bagcwele iwayini elitsha.”

35 Futhi uPhetro esukuma phakathi kwabo, waphakamisa ilizwi lakhe, njalo wasesithi, “Madoda bazalwane, zwanini ilizwi lami. Zwanini amazwi ami njalo lingilalele. Laba kabadakwanga njengokucabanga kwenu ukuthi banjalo; leli lihola lesithathu nje losuku. Kodwa lokhu kuyilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, ‘Kuyakuthi ensukwini zokucina, ngizathulula uMoya waMi,’ njalo lokuthi

Uzakwenzani kumadodana aKhe, lakumadodakazi aKhe, lakuzincekukazi zaKhe, lokunjalo, ngosuku lolo.”

³⁶ Futhi beqalisa ukuzwa lokhu, bahlabeka enhliziyweni zabo. Ngoba, babezwe indoda eyayingabazi oABC bayo, kodwa babemele bemlalele, babakwazi ukuthi uNto ngaphakathi kwakhe, emtshisayo, uMoya oNgcwele. Ungawumisa yini? Ngani, kwakufana lokuzama ukucitsha umlilo, endlini ewomileyo, ngosuku olulomoya. Wawungeke ukwenze. Wayegcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Pho waseyenzani khathesi?

³⁷ Bathi, “Kulungile, madoda bazalwane, singenzani ukuze sisindiswe?”

³⁸ Khathesi qhaphelani, Phetro, ulamakhiye oMbuso. Bona?

³⁹ Khathesi, ngesikhathi uJesu evuka ngosuku lwesithathu, Wayengelawo amakhiye oMbuso weZulu. Libelikwazi yini lokho? Wathi, “Ngilamakhiye okufa lesihogo,” kodwa hatshi awoMbuso, ngoba ayenikezwe kuPhetro.

⁴⁰ Manje Wathi, “Phetro, loba yikuphi okukhululayo emhlabeni, Ngizakukhulula eZulwini. Okubopha emhlabeni, Ngizakubopha eZulwini.”

⁴¹ Manje nangu emile lamakhiye, ukuba avule linto ebusisiweyo kuwo umhlaba. Futhi lapha ulamakhiye esandleni sakhe. Futhi bayabuza, “Singenzani na ukuze sisindiswe?” Manje, akulandaba ukuthi umpostoli wayethe kwenziweni, uNkulunkulu ufanele akuvume eZulwini, uba Wamnika lelogunya.

⁴² Manje uPhetro wathi, “Phendukani, lonke ngamunye, libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu ukuze lithethelelwe izono zenu, khona lizakwamukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele.” Kunjalo na? Futhi yiso isizatho amakhiye aphenduka eZulwini kuloba yiliphi elinye ibizo, langayiphi eyinye indlela, langasiphi esinye—langasiphi esinye isimo. Aphenduka emhlabeni, njalo aphenduka eZulwini, kungenjalo uJesu akaligcinanga iLizwi laKhe kuPhetro. Futhi kuyo yonke indawo eBhayibhili babhaphathizwa, ngemva kwalokho, babhaphathizwa eBizweni likaJesu Khristu. Futhi labo ababebhaphathizwe ngaphambi kwalokho, babefanele beze baphinde babhaphathizwe futhi, eBizweni likaJesu Khristu, ukuze bathole uMoya oNgcwele. Yikho okuqondileyo. Kulokhe kuhamba kunjalo.

⁴³ Ngakho, uba sifundisa ubhaphathizo ebizweni lika “Yise, Ndodana, loMoya oNgcwele,” kuyisiprofethi samanga. Khathesi kangifuni ukulizwisa ubuhlungu, kodwa kufanele ngikuqinise lokhu khona lelibandla lizabakwazi ukuthi kuyini. Asikho lapha njengeqembu labangafundanga abangelancedo; siyakwazi ukuthi sime ngaphi eLizwini likaNkulunkulu. Bona, siyakwazi. Ngipha umlandu kuloba ngubani ukuba angitshengise indawo eyodwa lapho loba ngubani owake wabhaphathizwa ebizweni

lika “Yise, Ndodana, Moya oNgcwele.” Manje lizalalela isiprofethi samanga kumbe iQiniso? Hlolani iMibhalo. Kukini.

44 Ngitshengiseni ukuthi kungaphi lapho umuntu oyedwa eBhayibhilini, lapho ibandla elamiswa laba yinhlanganiso yenkolo e—eBhayibhilini. Ngitshengiseni eBhayibhilini lapho abake bagcoba khona umtshumayeli wesifazane. Ngitshengiseni eBhayibhilini lapho zonke lezizinto, ebesikade sikhuluma ngazo, ukuthi zagcotshwa yini eBhayibhilini. Kazikho lapho. Ngitshelani indawo eyodwa. Liya enhlanganisweni yenkolo. . .

45 Kulungile, ngesikhathi amaMethodisti evuka, batshumayela ukungeweliswa. Lokho kuhle. Kodwa, ngesikhathi bekwenza lokho, benza inhlanganiso yenkolo, kwaphelela lapho. Kungalesosizatho iBhayibhili lathi, “Ulebizo.”

Uthi, “NginguMkristu.”

“Kuhle, ngowayiphi inhlanganiso na?”

46 Uthi, “UmMethodisti,” ngani, uyisifebe-ke. “NgingumBaptisti,” sifebe. “MPentekhosti,” uyisifebe. Ungowalelobandla.

47 Ufanele ube ngokaKristu. Awula sizatho sokuthi, “Methodisti,” “Baptisti.” Uba ungumKristu, ungumKristu ngenhliziyo.

48 Zonke lezozinhlanganiso zingazala abantwana, abantwana bakaNkulunkulu, kuqondile lokho. Kodwa uba ucabanga ukuthi uzakuya eZulwini ngoba nje ungumMethodisti kumbe umBaptisti, lisephutheni. Futhi kungalesosizatho sahlala ngaphandle kwaleyonto.

Kungani amaBaptisti engaboni?

49 Ngabuza indoda engumMethodisti lapha, ebhala ngesifundo esithile, wabhala isikhathi eside esedluleyo. Wathi, “Into eyodwa kuphela thina esiyisolayo kuwe, udlelana lamaPhentekhoste.”

Ngathi, “Ngubani ‘uthina?’”

“Thina, amaMethodisti.”

50 Mina ngathi, “Kuhle, ngizakutshela ukuthi ngizakwenzani. Ngizabuya edolobheni lakini ubusuvumela amaMethodisti awusekele.”

“O,” wathi, “kusobala, asingeke sikwenze lokho.”

51 Ngathi, “Yiko sibili ebengikucabanga. Ngihlala lamaPentekhostali ngoba amaPentekhostali ayakukholwa. Kuqondile lokho. Bayabuthana kukho. Yibo abathola inzuzo yakho.”

52 Bangaki abafunda udaba olwalotshwa kugwalondaba lwe*Life*, kusikhathi esifitshane esidlulileyo, mayelana lebandla lamaPentekhostali? Ngesinye sezimangaliso ezinkulu kulesisizukulwane. Balabantu abanengi ababaphendukisayo ngomnyaka owodwa ukwedlula amanye wonke amabandla

ehlanganiswe ndawonye. Ngani na? Loba lasemaphutheni abo, uNkulunkulu ubaqhubela phambili, ngoba bayakholwa iQiniso njalo bayahamba laLo. KuliQiniso.

⁵³ Kodwa thina senzani khathesi? Bona? Kungalesosizatho thina singasiyo nhlanganiso. Futhi ngeqiniso lokuthi amaPentekhostali ehlela izinhlanganiso. . .

⁵⁴ Futhi ngesikhathi emuva le, ngesikhathi uMoya oNgcwele okwakuqala uthululwa ebandleni lePentekhosti, iminyaka engamatshumi amane adlulayo, njalo baqalisa ukukhuluma ngendimi, esinye sezipho. Yiso esincane kulazonke izipho. Yiso esiphansi kulazonke izipho, ngokutsho kuka Phawuli oNgcwele, yikukhuluma ngendimi. Futhi wathi nje usehla, “O,” bathi, “sesiWutholile khathesi,” njalo bayenza inhlanganiso, iGeneral Council, esiyiAssemblies of God. “O, akula muntu oLawo ngaphandle kokuba akhulume ngendimi,” njalo uNkulunkulu wahle wahamba phambili wasuka kibo, wabayekela behlezi lapho. Qiniso. Yebo, mnumzana.

⁵⁵ Kwasekusiza abe Oneness, basebethola umbhaphathizo eBizweni likaJesu. Bathi, “O, siWutholile,” basebesenza inhlanganiso. Benzani na? UNkulunkulu wasuka waphuma wabatshiya behlezi khonapho.

Kungo, “Kwalowo othandayo, kaze.”

⁵⁶ Bona, abe Oneness kabangeke baye kuma Assemblies. Ama Assemblies kangeke aye kwabe Oneness. Ngike ngakhuluma kwamanye amadoda amakhulu abalawo, uMnu. Goss, loDokt. Pope, labanengi. Amadoda angamadoda amakhulu e. . . Ngahlala phansi labo. Ngathi, “Lingafundisa lokho njani ukuba yiso isitshengiselo sakuqala, njengesifundi?”

⁵⁷ “Kulungile,” wathi, “Mfowethu Branham,” oyedwa, ababili kumbe abathathu babo, wayethembekile kakhulu, wathi, “siyakwazi ukuthi lokho akuqondanga, kodwa singenzani pho? Uba singakhuluma ulutho ngakho khathesi, ngani, kuzaphazamisa lonke uhlelo.” Ngeqiniso, njalo kawusoze ube ngubhishopi futhi, omkhulu jikelele. Yiwo umqondo wakhona.

⁵⁸ Mfowethu, kungcono ngibe lebandla elincane ekhoneni, kumbe ngitshumayeke phansi kwesihlahla sephayini, ngibe leQiniso, qiniso, njalo usazi ukuthi ukhuluma iQiniso. Umuntu ufuna iQiniso. Futhi ubotshelwe, njengomKhristu, ukuba uthwale ubufakazi beQiniso. UNkulunkulu uzakwethesa icala ngakho.

⁵⁹ Ngakho, kulezizinto, uba ungakabhaphathizwa eBizweni likaJesu Khristu, njalo ungakayenzi lezizinto, njalo ungakawamukeli uMoya oNgcwele. . .

⁶⁰ Wena uthi, “O, ngakhuluma ngendimi.” Lokho akutsho ukuthi uloMoya oNgcwele.

⁶¹ Sengabona abathakathikazi, abathakathi besilisa, amadimoni, lakhokonke okunye, bekhuluma ngendimi. Qiniso. Abalawo uMoya oNgcwele, njalo liyakwazi lokho. Banatha igazi kukhakhayi lomuntu, njalo bagide, njalo babize udeveli, njalo bakhulume ngendimi. Qiniso. Abalawo uMoya oNgcwele.

⁶² Ngakho, ngoba wakhuluma ngendimi, lokho akutsho ukuthi ulaWo. Indlela kuphela ongaba kwazi ngayo ukuthi ulaWo, kulapho umoya wakho ufakazelana loMoya waKhe, lezithelo zikaMoya zikulandela: uthando, ukholo, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ukulunga, ukuthobeka, lobumnene. Yikho lapho ongabakwazi ukuthi uloMoya oNgcwele. Uyazifakazela Wona.

⁶³ Manje, uba uzama ukweyama phezu kokuthi, ngoba ungewe-Assemblies, kumbe oweBaptisti, kumbe owePresbyterian, uyabona ukuthi wenzani na? Uthatha ibizo lesifebe. Lokho kuqondile sibili. Phuma kuleyonto. Phuma kuyo. Kangitsho ukuphuma ebandleni lakho kumbe loba yini; yenza ofuna ukukwenza ngalokho. Kodwa suka ekubambeleleni kokuthi, “O, ngingumPresbyterian. Asikholwa ezinsukwini zezimangaliso.” Kungani ungakukholwa? IBhayibhili liyakufundisa. “O, ngingowebandla leChurch of Christ. Bathi insuku zezimangaliso sezadlula.” Bangabaprofethi bamanga.

⁶⁴ Ngingalitshengisa lapho uJesu Khristu owanika khona iBandla aMandla, ukusilisa abagulayo, ukuvusa abafileyo, lokukhupha amademoni. Ngipha umlandu kuloba ngubani ukuthi angitshengise umBhalo eBhayibhilini lapho Akususa khona eBandleni. Kwasuswa yini na? Yimfundiso yenu engaphikiswayo, kunjalo, akusilo Lizwi likaNkulunkulu. UMoya oNgcwele usawenza umsebenzi, uqhubeka ngokufananayo, njalo Uyaqhubeka lanininini.

⁶⁵ Yiso isizatho singayisiyo inhlanganiso, “Balesimo sobunkulunkulu, kukanti bayawaphika aMandla akho; kulabo suka.” Kasikholwa kuleyonto.

⁶⁶ Manje, vele kwaqalisa njani na? Kufanele siphangise futhi singene kukho ngokuphangisa khathesi, ukuthi kwaqalisa njani. Khathesi sileMBhalo eminengi ebhalwe lapha mayelana loMoya oNgcwele.

⁶⁷ Futhi eyinye into, siphe umlandu izolo ebusuku, ngo “kubekezelela kwabangcwele,” hatshi ngendlela amaBaptisti akukholwa ngayo. Hatshi, mnumzana. Ngiyaphikisana sibili lamaBaptisti lombono wabo, ngesichasiselo sabo ngobuCalvin. Ngeqiniso kangivumelani lamaPresbyterian. Kangivumelani lamaMethodisti ngendlela yabo yemfundiso kaArminius. Yebo, mnumzana. Kodwa bobabili balalo iqiniso, kodwa kumele ulibuyisele *Lapha* lapho okuliQiniso khona. Uba uphuma ugijima phandle lapho, uyahlanhlatheka lalo. Sibili.

⁶⁸ AmaBaptisti ayangena, babhaphathize abathile lapha, ngokucwilisa emanzini; lomtshumayeli ababhaphathize,

abayisificamunwemunye kwabalitshumi bayabhema igwayi, bayabuyela phandle njalo bame phandle lapho, njalo badlale amakhasi, badlale amakhasi ubusuku bonke, bezula zule, njalo benze izivumelwano ezingaqondanga kumabhizimusi; labobonke abesifazane begqoke okabhudula phandle lapha, bezula zula emgwaqweni, njalo begele inwele zabo, futhi—futhi bebhema lokukhuluma, njalo lamaphathi okuthunga—thunga, njalo bekhuluma indaba zokusoma ezingcolileyo. Beselisithi lokho yisiKhristu? Futhi licabanga ukuthi lilokugcinakala okuPhakade? Lizaya esihogweni linjalo. Kalingeke lizithokozise eZulwini lalobayiyiphi indlela. Ngitsho lakancane. Lokho akusikho ukugcinakala okuPhakade.

Kodwa nxa umuntu ezelwe kutsha ngoMoya oNgcwele . . .

⁶⁹ Futhi lina maPentekhosti, ngoba layeqa-yeqa, lakhuluma ngendimi, lagijima phansi la phezulu phakathi laphakathi kwezihlalo, lokho akutsho ukuthi lilokugcinakala okuPhakade. Lingakucabangi lokho emakhanda enu. Hatshi, mnumzana. Ngeqiniso akwenzi lokho. Ngoba, uyakwazi ukuthi eyakho wena—eyakho wena impilo iyakufakazela, ubufakazi, ukuthi kawulunganga kuNkulunkulu. Kuqondile lokho. Kawulunganga. Akukabi yikugcinakala okuPhakade, okwakhatesi.

⁷⁰ Kodwa ngifuna ukulibuza okuthile. Kungabe kukhona yini ukugcinakala okuPhakade? IBhayibhili litsho njalo. IBhayibhili lathi amabizo ethu alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu umhlaba ungakabikhona.

⁷¹ Njengoba ngitshilo lamuhla ekuseni, ngiyakutsho futhi. Indoda eyaloba ingoma, “Kukhona ibizo elitsha elilotshwe phansi eNkazimulweni kulobubusuku, njalo ngelami,” umbono wakhe wawulungile, kodwa wayephambukile, ngokoMbhalo. Ibizu lakho alizange lilotshwe ngobusuku owasindiswa ngabo.

⁷² Ibizu lakho, ngokutsho kweBhayibhili, ngokutshiwo kuSambulo 13,17, futhi lokunye, “lalotshwa lapho umhlaba ungakabikhona; loJesu Khristu wabulawa umhlaba ungakasekelwa.”

⁷³ Wayengakwenza njani uNkulunkulu, Ongelasiphetho, wayengakwenza njani uNkulunkulu ongelasiphetho, esazi isiphetho kusukela ekuqaleni, kambe Wayengavumela njani isono ukuba sifike emhlabeni, uba kwaku ngenzelwanga isizatho?

⁷⁴ Ukuze sisekele nje khatesi ezinye zezinto esizikhulumileyo. Kuyini okwaqalayo, uMsindisi kumbe isoni? [Omunye ebandleni uthi, “uMsindisi.”—Mhl.] UMsindisi, qiniso. Yikuphi okulamandla ukudlula okunye, uMsindisi kumbe isoni? Uba uMsindisi engasusa isono, nguYe olamandla. Kuhle, kungani Wavumela ukuba isono senzeke endaweni yakuqala? Ukuze atshengise ukuthi Yena wayenguMsindisi. Yikuphi

okulamandla, ukudlula okunye umsilisi kumbe umkhuhlane? [“Umsilisi.”] Umsilisi. Pho-ke wavumelani ukuthi ukugula kubekhona? Ukuze atshengise ukuthi wayengumsilisi. Ngizizwa ngikholwa khathesi. Yebo, mnumzana. O, minabo! Lezo yizimilo zaKhe.

⁷⁵ Kungakho Evumela ukuthi inkathazo ifike. Kungakho Evumela ukuthi insizi zifike, ukuze abonise ukuthi uYikujabula. Qiniso, kunjalo. Kungako silobusuku, ukufakazisa ukuthi kukhona imini. Kungakho silolaka, ukubonakalisa ukuthi kukhona ukuthula. Ngeqiniso, licele lokuhle njalo lecele lokubi. O, Uyamangalisa.

⁷⁶ Manje, kwaqala njani? Sizangena kukho ngqo, ngokuphangisa okukhulu esingakwenza, ukuze ngingalihlalisi ubusuku bonke. Manje, kufanele kubekhona isiqalo sezinto zonke.

⁷⁷ Futhi ngifuna ukulibuza okuthile. Khathesi lokhu kunga. . . Lokhu kufakeni esambeni esiphakathi kwevesti yenu. Lokhu alimelanga likuhlanganise lokudla kwenu okwenjwayelo. Kodwa lalalani lokhu.

⁷⁸ Uba uyisidalwa saPhakade, khona-ke awuzange ubelesiqalo, kumbe kawungeke ubelesiphetho. Ngoba, u*Phakade* livela ebaleni lokuthi “okungelasiqalo kumbe akulasiphetho.”

⁷⁹ Kalikukhumbuli yini? Ngithe, lamuhla ekuseni, ukuthi kwaba njani ukuthi uMelikizedeki, lapho ehlangabezana loAbrahama esevela ekubulaleni amakhosi. LeBhayibhili lathi, kumaHebheru 7, ukuthi—ukuthi, “ULevi wabhadala okwetshumi kuMelikizedeki, ngesikhathi esasekhalweni lukayise uAbrahama.” UAbrahama wazala uIsaka; uIsaka wazala uJakhobe; uJakhobe wazala uLevi. Lowo kwabangubaba, ukhulu, lokhokho. Futhi ngesikhathi uLevi esekhalweni lukakhokho wakhe, iBhayibhili liyambabaza ngenxa yokubhadala okwetshumi kuMelikizedeki. Khuluma ngokulaPhakade! Minabo, minabo! Akazange athi, “Wakwenza esithunzini; singathi wakwenza.” IBhayibhili lathi, “Wabhadala okwetshumi.” Amen.

⁸⁰ Ngakho, uba sivela kumbewu eyiyo, ngesikhathi uPhawuli etshumayela iVangeli ngangilapho lani lalilapho. Sizangena kulokho, kumzuzu olandelayo, kuthi ngqo ezindlebeni zethu. Qaphelani, yikho okutshiwo nguMbhalo, kithi, kwaze kwaya emuva le.

⁸¹ Kucabangeni nje! ULevi; kwaba nguJakhobe, uyise; kwaba nguIsaka, uyise; kwaba nguAbrahama, uyise; ukhokho wakhe. Ngesikhathi uLevi esekhalweni lukakhokho wakhe, wabhadala okwetshumi kuMelikizedeki.

⁸² Ngifuna ukulibuza. Ngubani lo, uJobe 27. . .38, lapho Esithi, “Wawungaphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba na? Lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, lawo

onke amadodana kaNkulunkulu ememeza ngokujabula?" Ayengabobani lawomadodana kaNkulunkulu ayememeza ngokujabula? UJesu wabatshelela, ukuthi, "Ngangilokujabula kunye lani umhlaba ungakasekelwa." Asizo zidalwa zesikhathi. Siyizidalwa zaPhakade.

⁸³ "Akula muntu ongeza kiMi, ngaphandle uBaba waMi amdonse. Labo bonke abeza kiMi, ngizabanika iMpilo elaPhakade, njalo ngizamvusa ngensuku zokucina. Akulamuntu ongabakhupha esandleni sikaBaba waMi, Obanikeze kiMi." Lizalahlekelwa njani na?

⁸⁴ Bona, lilovalo. Liyesaba. Lizagijima yonke indawo lapha. Futhi lokho kungobunye bobufakazi obukhulu kulabobonke, emhlabeni, alikayi ndawo okwamanje. Kuqondile lokho. Engakusindisa njani uNkulunkulu uba Yena . . .

⁸⁵ Bangaki kulelibandla abangaphakamisa izandla zabo, abakholwa ukuthi uNkulunkulu kalamkhawulo? Liyakwazi ukuthi ibala lokuthi *kalamkhawulo* litshoni na? Lokho kuphelele nje. Okungelamkhawulo, awungeke—awungeke ulichasise ibala elithi *okungelamkhawulo*.

⁸⁶ Sewake wayithatha ikhamera yakho wayifaka kundawo yokungelamkhawulo na? Ngani, kuchaza ukuthi nje kusukela lapho kusiya. Kulungile. Ayisekho indlela yokuyikhombela.

⁸⁷ Yeboke, yikho okunguNkulunkulu. Kalasiphetho. Futhi uba Engelamkhawulo, akungeke kube lesiqabulongwe, lempukane, lentwala, lensikizi, kumbe imfulo, kumbe ulutho olwabakhona emhlabeni, kumbe oluzabakhona, uNkulunkulu ungakwazanga umhlaba ungakadalwa. Nanko umbono wokungabi lesiphetho.

⁸⁸ Kulungile, ngakho, uNkulunkulu ongelamkhawulo Okusindisa lapha, esazi ukuthi Uzalalahlekelwa nguwe ngeviki elizayo, kumbe ngenyanga ezayo, kumbe ngomnyaka ozayo, ngani, Wehlula yona ngokwayo inhloso. Kangekhe alahlekelwa nguwe. "Lowo ozwayo aMazwi aMi, akholwe kuLowo owaNgithumayo, uleMpilo ephakade njalo kasoze aye ekwaHlulelweni, kodwa usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Kangeke akwenze lokho. Awungeke ngitsho . . .

⁸⁹ "Lowo ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono; ngoba imbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, njalo kangeke ewone." Engawona njani khona kulomhlatshelelo wakhe wesono?

⁹⁰ Ngingagula njani mina ngiphile kahle? Ngingaba yimpumputhe njani mina ngibona? O, minabo! Ngingaba njani phakathi kwendlu njalo ngibe ngaphandle kwendlu sikhathi sinye? Ngingadakwa njani futhi ngibe ngingadakwanga sikhathi sinye? Kawungeke ukwenze.

⁹¹ Futhi nxa usindisiwe, uphansi kweNhlawulo, lezono zakho azibalelwa kuwe. Kazange atsho uDavida ukuthi, "Ubusisiwe

lowomuntu uNkulunkulu angayikumbalela isono, angayikubeka isono kuye”? UNkulunkulu akasibaleli isono isidalwa saKhe. Lokho kulukhuni. Akusiwo mlaza wochago lokhu. Kodwa lelo liBhayibhili. UNkulunkulu angeke ambalela isono olungileyo.

⁹² “UNkulunkulu,” ngomusa waKhe, ngokumisela ngaphambili, “engathandi ukuthi kubekhona ongabhumba, kodwa ukuthi bonke bephenduke.” Kodwa engongelamkhawulo, njalo esazi ukuthi ngubani ozakuza longasoze eze, Wayengamisela ngaphambili yonke into ukuthi isebenzele kuyo intando yaKhe. Uba Engakwenzanga, kungani Wavumela isono ekuqaleni? Lapho Engu Msindisi. . . Uba sasingazange sibekhona isoni, Wayengeke abe nguMsindisi; isimilo, okwakukuYe, kwakungeke kukhutshwe.

⁹³ Waba kanjani ukuze Abe ngumsilisi? Waba kanjani ukuze Abe ngumsilisi? Ngoba Wavumela ukugula ukuthi kufike, ukuze Azibonise ukuthi Ungumsilisi. Wayengumsilisi. Wawungaba njani. . . Wayezakwaziwa kanjani? Sasizasebenza njani isimilo saKhe? Wayezaba ngumsilisi njani, uba kwakungazange kubekhona ukugula? Wayemele avumele ukugula.

⁹⁴ Akumangalisi, uPhawuli wathi, kwabaseRoma 8, “Siwula, ngubani ongatshela u—umbumbi ukuthi enzeni ngakho; ngubani, kunini lapho ibumba elaphakama njalo lathi, ‘Lingibumbelani, lina, ngalindlela?’ Akamphakamisela yona inhloso efanayo uFaro, ukuze Abonakalise inkazimulo yaKhe phansi eGibhithe? Umenza lukhuni lowo Athanda ukumenza lukhuni, alungisise lowo Athanda ukumlungisisa. Akuyi ngalowo ofunayo, langalowo ogijimayo, kodwa nguNkulunkulu ohawukelayo.”

⁹⁵ Ngakho, kawuzange ube lento yokwenza ngakho. Awulakho lokukodwa ongakwenza. Uba kungumusa, uba kuyisipho sesihle, ayikho into ongayenza mayelana lawo. NguNkulunkulu okuphe wona, njalo leyo yintando kaNkulunkulu. Yileyo nto uNkulunkulu akumisele yona ngaphambili.

⁹⁶ IBhayibhili lathi sa “miselwa ngaphambili ukuba sibe ngamadodana ngokubekwa ubuntwana, amadodana kaNkulunkulu, umhlaba ungakasekelwa.” Ngakho-ke, ngesikhathi uNkulunkulu ebulala iWundlu, emcabangweni waKhe ngokwaKhe, umhlaba ungakasekelwa, ukutshengisela izimilo zaKhe, lokho Ayeyikho; lapho iWundlu libulawa, sabulawa kanye laLo. Ngesikhathi iGazi leWundlu likhongozelwa emcabangweni Wakhe Yena, emuva le umhlaba ungakasekelwa, elami lawenu amabizo ayeselotshiwe eBhukwini ngalesosikhathi, konke kusekucabangeni kwaKhe okukhulu.

⁹⁷ Kalamkhawulo. Uba Wayengenjalo, Wavumelelani na? Yikuphi okulamandla kakhulu, (Ngitshilo,) nguMsindisi kumbe yisoni na? Yikuphi okulamandla amanengi kakhulu na?

Ngakho-ke, olamandla wavumela omncane, njalo Ukwenzela kuphela inkazimulo yaKhe. Ngesikhathi Esenza uLusifa, Wayesazi ukuthi uzakuba ngudeveli. Wakuvumela kwaba khona ukwenzela ukuthi Etshengise ukuthi WayenguMsindisi, uKhristu. Wakuvumela kwenzakala ngaleyondlela.

⁹⁸ Manje, alitsho yini iBhayibhili, ukuthi, “Zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu na”? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Ngakho lesabani?

Asibeni simile sisebenza,
Silesibindi salobayiphi inxhabano.
Lingabi njengenkomo eziyizimungulu
zihutshwa, zifuna ukucelwa njalo
lokuncengwa!
Futhi woba liqhawe!

⁹⁹ Ngiyakuthanda lokho. Sukuma ume! Inkondlo encane eyayivame ukungisiza kakhulu ngesikhathi ngisasengumntwana, ihamba kanje:

Kwakukhona umRoma ohloniphekileyo,
Ngezinsuku zamaKhosi amaRoma;
Wezwa ukukhala kwegwala,
Phambili kwenqaba lisithi:
“O, akulangozi kulesisihlahla somfiri,
Akula muntu ongasinyikinya.”
“O, hatshi,” kwatsho iqhawe,
“Ngizathola indlela kumbe ngiyenze.”

¹⁰⁰ Nanko ke. Kuqondile lokho. Uba leliBhayibhili lifundisa ukuthi uJesu Khristu unguye izolo, lamuhla, laphakade... Kwakungasiyonto elula ngesikhathi ngiphuma kulelithabanekeli ngalolosuku, njalo wonke umuntu engitshela ukuthi *lokhu* kuzakwenzakala, *lalokho* kuzakwenzakala. “Uzathathwa njengohlanya, uphoselwe entolongweni, njalo zonkinhlanganiso ezokwelapha zizalwisana lawe.” Kodwa uNkulunkulu wathi kwenze. IBhayibhili lathi Wayenjalo. Futhi khathesi umlilo wemvuselelo utshisa ezizweni zonke ezingaphansi kweZulu. Ngani na? Kumele!

Uwenza njani umsebenzi wakho ngalanga
linye?
Ulovalo yini ngomsebenzi oyabe uwutholile?
Uyenelisa ukumelana lomsebenzi ophambili
na?
Ulengqondo ediniweyo njalo engelalutho?
(Ngiyayizonda leyonto.)
Kumbe uyamelana lomsebenzi ophambi
kwakho,
Kumbe ukwesaba kuhlala kugijima kuwo?

Uba kunjalo, bamba olandelayo owutholayo,
Ngokucabanga ukuthi uzakwenza.

¹⁰¹ Hlala lawo. Qiniso. Zimisele enhliziyweni yakho, njengoDanilyeli. Hlala loNkulunkulu.

¹⁰² “Kwenzakala ngaphi konke lokhu na? Kwenzalaka njani na? Kuyini okwenza abantu babenjalo na? Kungani sesivele nje sesilungele ukubhujiswa na? Mfowethu Branham, ngichasisele. Kuyini okwenza ucabange ukuthi konke lokhu kufanele kubhujiswe?” Yake yesulwa phambilini, (kungabe kunjalo?) ekubhujisweni ngozamcolo. Manje nanzi izinto ezifikayo ezijulileyo. Futhi sizalungela ukufunda.

¹⁰³ Khathesi ngifuna ukuthi livule kunye lami khathesi, eBhukwini likaGenesisi, kusahluko 3. Uba ufuna ukubakwazi loba yini, ngingakutshengisa kuleliBhuku likaGenesisi lapho yonke inkolo yamanga lamaqembu onke, layo yonke into esilayo lamuhla, kwaqala kuGenesisi. Bangaki abakwaziyo ukuthi *Genesisi* kutsho “ukuqala”? Liqiniso.

¹⁰⁴ Sithola ibandla leKhatolika ekuqaleni, iBhabhiloni, uNimrodi umqali walo; silithola phakathi kweBhayibhili, silithole ekucineni kweBhayibhili; siyathola, bezama ukungenisa abatshumayeli besifazane, ekuqaleni kweBhayibhili, ngokukhonza izithombe ezincane ezenzwe ngezigodo. Bangaki abake bafunda ekaHislop, *Two Babels*, imbali? Kulungile. Sitholukuthi, kulezimbali. Babelowesifazane... Futhi-ke, liyakhumbula? Ngitsho loJakhobe wantshontsha onkulunkulu bakayise, lendodakazi yakhe yabafihla phansi kwayo yazithatha wahamba labo phandle enhlane, into leyo yangcolisa inkamba, sekuphambili. Kulungile.

¹⁰⁵ Kasifundeni ke lapha kuGenesisi.

Inyoka yayilobuqili ukudlula zonke izinyamazana zeganga iNkosi uNkulunkulu ayezenzile. Yathi kowesifazana, Yebo, uNkulunkulu utshilo ukuthi, Kumele lingadli kuso sonke isihlahla sesivande?

...owesifazana wathi enyokeni, Singadla okwesithelo sezihlahla esivandeni:

Kodwa okwesithelo sezihlahla... esiphakathi kwesivande, uNkulunkulu uthe, Lingadli kuso, njalo lingasithinti, funa life.

Inyoka yathi kowesifazana, Kalisoze life ngempela:

Ngoba uNkulunkulu uyazi ukuthi ngelanga lisidla kuso, amehlo enu azavuleka, (bona, ezingela ukuKhanya okutsha), libe njengonkulunkulu, lisazi okuhle lokubi.

¹⁰⁶ Liyabona lababantu ukuthi banjani lamuhla, bazama ukususa eBhayibhiloni? “Ngani, akulula yini ukuthela, kumbe

ukufafaza, kumbe *lindlela*, kumbe *leyana* indlela?" Hatshi, mnumzana. UNkulunkulu wabeka phansi uhlelo, njalo yilo okumele silulandele, *Lolu*.

Wathi owesifazana ebona ukuthi isihlahla lesa sasilungile ukudliwa, lokuthi sasibukeka emehlweni, lokuthi kwakuyisihlahla esokwenza...sikhwabitheka ukwenza uhlananiphe, wathatha okwezithelo sazo, wadla, njalo wanikeza kumkakhe kanye laye; laye wadla.

Njalo amehlo abo bobabili ayesevuleka, futhi basebesazi...babenqunu; basebethungela ndawonye amahlamvu omkhiwa, bazenzela amafasikoti.

¹⁰⁷ Ngithanda ukuma lapha okomzuzu. Manje, kufanele kubekhona isiqalo sezinto zonke. Wawulesisiqalo. Manje si... Lapha yikho engifuna ukubeka khona isisekelo sento yonke, khathesi, sikhulumile ngakho kunkonzo ezimbili ezidlulileyo, lalapha.

¹⁰⁸ Manje, lamuhla ekuseni sibuyele emuva sakufanekisa, eBhayibhilini, ukuthi ngesikhathi uNkulunkulu edala umhlaba, ukuthi ngesikhathi Ebumba amagasi; kwase kuthi lawomagasi aba yi calcium, lephotashi, le—lezinto ezihlukeneyo. Wayesenza umzimba wakho. Wayeqalisa isakhiwo, njengomakhi omkhulu oyingcitshi, njengokhontilaka ebeka impahla yakhe egcekeni ukuze akhe uhlelo lwezindlu. Wayesenza umzimba wakho, njalo Wayelawo ulele khonapho. Wayesazi kahle, engqondweni yaKhe, ukuthi Kwaku zakwenziwani.

¹⁰⁹ *Lesisandla*, uNkulunkulu wenza isandla lesa ngaphambi kokuba E...ngesikhathi Edala umhlaba; kodwa, umoya wami Wawenza umhlaba ungakabi khona. Manje, kodwa lesisandla lalumzimba, Wakwenza ngesikhathi Ezenza umhlaba, ngoba lumzimba wavela emhlabathini, njalo uyabuyela emhlabathini. UNkulunkulu wakwenza lokho. Wakubeka konke kuplani yaKhe enkulu yalokho okuzakwakiwa lohlelo lwaKhe.

¹¹⁰ Manje, ngesikhathi Ehamba esenza umhlaba, Wenza umuntu, futhi umuntu lowo kakhangelekanga kuhle. Manje sibelakho lokho, lamuhla ekuseni, sidlule kukho ngokukwenza samdlalo, ukuthi u—uBaba wehla njani wasekhangela indodana yaKhe, eyenziwe ngomfanekiso waKhe, lokunjalo. Wasemenzela umfazi, umncedisi.

¹¹¹ Manje, khumbulani, ukuthi, zonke izidalwa zasemhlabeni, uAdamu wayezithe amabizo.

¹¹² Wayenze i—izinkomo, lezinyamazana, lakho konke. Futhi lamuhla, thina...Abalandeli bezikhathi zokwenzakala kwezinto le—lengqondo ezinkulu ezehlukeneyo zesayensi, babelokhe bezama, okweminyaka eyizigidi eziyisithupha, ukuthola lesosixhumanisi esingekho, kungani inyamazana

leyana...Umuntu uyimpilo yenyamazana. Siyakwazi lokho, ukuthi senziwa...

